



It starts with a story...

## Make a difference – read aloud!

Welcome to your special **World Read Aloud Day** edition of the Nalibali supplement! Each year in the first week of March, we celebrate World Read Aloud Day together with people from all over the world who are passionate about children's books and reading.

So why do we make such a fuss about reading aloud to children? Apart from just being fun, reading aloud is an easy way to make a big difference in a child's life.

1. Reading aloud to your children gives you things to talk about. It also helps you get to know each other and builds a bond between you.
2. When you read aloud and children enjoy the story, they see reading as an interesting and satisfying activity, and they realise why they should learn to read for themselves. Motivation is a very important part of becoming – and remaining – a reader. To make reading a habit, children have to *want* to read regularly.
3. Reading aloud shows children how we read and how books work. This knowledge makes it much easier for them to learn to read for themselves.
4. Children are able to understand and enjoy stories that are far beyond their own reading ability when they hear them read aloud.
5. Hearing new words and expressions used in stories develops children's vocabulary and gives them a rich language to draw from when they read and write on their own.

## Yenza umehluko – funda kakhulu kuzwakale!

Siyakwemukela esithasiselweni esikhethekile soSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu sakwaNalibali! Minyaka yonke ngesonto lokuqala kuMashi, sigubha uSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu nabantu basemhlabeni wonke abanentshisekelo ngezincwadi zezingane kanye nokufunda.

Ngabe kungani sikhuthaza ukufundela izingane kakhulu? Ngaphandle kokuthi kumnandi, ukufunda kakhulu kuyindlela elula yokwenza umehluko omkhulu empilweni yengane.

1. Ukufundela izingane zakho kakhulu kwenza ukuthi nibe nezinto enizoxoxa ngazo. Kuyasiza futhi ekutheni nazane kangcono, futhi kwakha ukuzwana phakathi kwenu.
2. Uma ufunda kakhulu, nezingane ziyithokozela indaba, zibona ukufunda njengomsebenzi ohlaba umxhwele noweneliso, bese zibona ukuthi kungani kumele zifunde ukuzifundela ngokwazo. Ukukhuthazeka kuyingxenye ebaluleke *kakhulu* yokuba ngumfundi – nokuhlala ungumfundi. Ukuze ukufunda kube umkhuba owejwayelekile, kumele izingane zifunde ukufunda njalo.
3. Ukufunda kakhulu kuzwakale kukhombisa izingane ukuthi sifunda kanjani nokuthi zisebenza kanjani izincwadi. Lolwazi lwenza kube lula kakhulu kuzona ukuthi zifunde ukuzifundela.
4. Izingane zikwazi ukuqonda nokuthokozela izindaba ezingaphezulu kakhulu kwamazinga azo okwazi ukufunda uma zizizwa zifundwa kakhulu.
5. Ukuzwa amagama nezisho ezintsha okusetshenziswa ezindabeni kuthuthukisa amagama aziwa yizingane futhi kuzinikeza ulimi olunothile ezingathathela kulo uma sezifunda futhi zibhala izindaba ngokwazo.

Go to [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) to sign up your family, reading club or school and help make this the biggest World Read Aloud Day event in South Africa! There are great prizes up for grabs!

Yana ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) ukuze ubhalise umndeni wakho, ithimba lakho lokufunda noma isikole sakho emcimbini woSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu lwaseNingizimu Afrika! Kunendathane yemiklomelo ezowinwa!

### How to get involved

This year World Read Aloud Day is being celebrated on 5 March 2014. Join us on this day and read the traditional African story, *How stories began* (see pages 3 to 6) to children you know. Last year Nalibali called on South Africa to help us set a read-aloud record and together we read aloud to more than 13 000 children! This year we'd like even more of you to join us and read to children on this special day – and, of course, then continue reading aloud to them every day of the year.

- On 5 March 2014, read our World Read Aloud Day story (pages 3 to 6) to:
  - your own children, grandchildren, nieces and nephews
  - children in your class or at your school
  - groups of children at specially arranged events at your reading club, library or community centre.
- Plan fun activities linked to the story. Use the ideas on page 7 to help you.
- Make Nalibali World Read Aloud Day badges with your children. Use the template on page 2 or design your own badges.
- Go to "Stories" on [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) and download more stories to read with your children. Then let them complete the "Look at what I read" sheet on page 2 to show which stories they read and how much they enjoyed them.

### Ungazibandakanya kanjani


Kulo nyaka uSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu luzogujwa mhla ziyi-5 Mashi 2014. Hlanganyela nathi ngalolu suku bese ufundela izingane ozaziyo indaba yomdabu yase-Afrika ethi, *Zaqala kanjani izindaba* (bhaka ikhasi lesi-3 ukuya kwele-6). Ngonyaka odlule uNalibali wacela abantu baseNingizimu Afrika ukuthi basisize ukuthi siqophe umlando wokufunda ndawonye kakhulu, kanti sekukonke safundela izingane ezingaphezu kwezi-13 000! Kulo nyaka singathanda ukuthi nihlanganyele nathi ngobuningi benu bese nifundela izingane ngalolu suku olukhethekile – bese, phela, siqhubeka nokuzifundela kakhulu nsuku zonke zonyaka.

- Ngomhla ziyi-5 Mashi 2014, fundela abalandelayo indaba yethu yoSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu (ikhasi lesi-3 ukuya kwele-6):
  - izingane zakho, abazukulu bakho, nabashana bakho
  - izingane ezisegumbini ofunda kulo noma zasesikoleni sakho
  - amathimba ezingane ikakhulukazi emicimbini ehlelwe ethimbeni lenu lokufunda, emtatsheni wezincwadi noma esikhungweni somphakathi.
- Hlela imisebenzi emnandi exhumene nendaba. Sebenzisa amacebo asekhasini le-7 ukuze akusize.
- Yenza amabheji oSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu akwaNalibali nezingane zakho. Sebenzisa uhlaka olusekhasini lesi-2 noma udizayine awakho amabheji.
- Yana ku-"Stories" ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) bese uthwebula ezinye izindaba enizozifunda nezingane zakho. Zivumele ukuthi zigcwalise ikhasi elithi: "Bhaka ukuthi ngifundeni" ekhasini lesi-2 ukuze zikhombise ukuthi yiziphi izindaba ezizifundile nokuthi zizithokozele kangakanani.



Drive your imagination

Read to me. Every day.  
Ngifundele. Nsuku zonke.





# Make a badge!

1. Cut along the red dotted line to cut out the badge.
2. Colour in the picture.
3. Cut a circle the same size as the badge from some thin cardboard, for example, a cereal box.
4. Use glue to paste the badge onto the cardboard.
5. Use sticky tape or masking tape to attach a safety pin to the back of the badge. Or make a hole at the top and thread some wool or string through it so that you can hang it around your neck.
6. Enjoy wearing your badge as you read and listen to stories on World Read Aloud Day.

# Yenza ibheji!

1. Sika ulandele umugqa obomvu onamachashazi ukuze usike ukhiphe ibheji.
2. Hlobisa isithombe ngombala.
3. Sika indingiliza ewubukhulu obufanayo nobebheji ekhalibhothini eliwugqinsi, isibonelo, ibhokisi lamasiriyeli.
4. Sebenzisa iglu ukuze unamathisele ibheji ekhalibhothini.
5. Sebenzisa ithephu enamathelayo noma embozayo ukuze unamathisele isipeletu ngemuva kwebheji. Noma uvule imbobo phezulu bese ushutheka umucu wewuli noma wentambo ukuze ukwazi ukuligaxa entanyeni yakho.
6. Thokozela ukugqoka ibheji lakho ngesikhathi ufunda futhi ulalele nezindaba ngoSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu.



# What have you read?

1. Cut out the reading record sheet below and write your name on it.
2. Find the stories on [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi). Ask an older child or an adult for help if necessary.
3. Download the stories and read them with the person who usually reads to you.
4. Complete your "Look at what I read" sheet to show how much you enjoyed each story.

# Ufundeni?

1. Sika ukhiphe ikhasi lokubhala izincwadi ozifundile bese ubhala igama lakho kulo.
2. Thola izindaba ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi). Cela ingane endadlana noma umuntu omdala ukuthi akusize uma kunesidingo.
3. Thwebula izindaba bese uzifunda nomuntu oqwayele ukukufundela.
4. Gcwalisa ikhasi elithi: "Bheka ukuthi ngifundeni" ukuze ukhombise ukuthi uyithokozele kanjani indaba ngayinye.


## Look at what I read!

Name: .....

## Bheka ukuthi ngifundeni!

Igama: .....

Nal'ibali story Indaba yakwaNal'ibali	How much I liked the story Ngiyithande kangakanani indaba * ** ***
Feleng learns to read UFeleng ufunda ukufunda	
Mini Meerkat makes a friend UBubhibhi uMini uthola umngani	
The squirrel and the sun ISinkwe nelanga	
Haruki's tail Umsila kaHaruki	
The smell thief Ontshontsha iphunga	
The rain bird Inyoni enisa imvula	



Soon the woman was back at the beach with a bundle of the carvings. Once again the turtle dived and took them down, down, down.

When the king and queen saw the carvings, they were very happy and they gave her a beautiful shell.

“For you and for your people, we give the gift of stories. Whenever you want a story, hold this up to your ear and listen,” they said.

“But remember this,” whispered the king in her ear, “your very first story began with your journey down here.”



When at last the woman returned to the shore, her husband, her children and all the people of the village were waiting. They had made an enormous fire that crackled and spat in the darkness.

“And now,” they called out to her, “tell us a story. Tell us a story!”

The woman smiled. She held the shell and said, “Yes ... *Nal'ibali* ... here is the story. Sssh.

Now listen.”

And that was how the first story was told. After that the woman held the shell to her ear and told more and more stories. And if this is the first story that you have heard, just remember, there are many, many more to come.



Fold

## HOW STORIES BEGAN

Retold by Wendy Hartmann

Illustrations by Tamsin Hinrichsen

A long time ago, a woman lived with her family in a village in the Kingdom of Zululand. Every Sunday the family went down to the big ocean. The children dug in the sand and played in the waves. The woman made food over a fire while her husband looked for wood washed up by the sea to carve beautiful things: birds, people and all kinds of animals.

During the week the whole family worked hard and in the evenings they sat around the fire. It was too dark for working or playing or carving and it was too early to go to sleep. And this was when the children asked their mother to tell them a story.

“Mama,” they begged, “we want stories. Please tell us one.”

But no matter how hard she tried to think of a story, she could not. Neither she nor her husband had any stories to tell.

One day, the woman decided to ask her neighbours for help.

“Do you have any stories?” she asked them.

“No-o-oo,” they shook their heads, “we don’t.”

There were no stories. There were no dreams ... and there were no magical tales.

Her husband suggested, “Wife, I think you must go look for stories. I will take care of our children and the house. Find some stories and bring them back.”





So the woman kissed her family goodbye and left. She decided to ask every creature she passed if they had a story to share. The first animal she met was the hare. He came *thump-thumping* along on his big feet.

"Hare!" she called. "Do you have any stories?"

"Stories?" asked Hare. "Oh, I have hundreds, thousands, no ... millions of them."

"Hare, please give me some stories so that I can make my children happy."

"Ummm..." said Hare. "I don't have the time. In any case ... stories in the daytime? ...No!" And *thump, thump, thump* off he went.



Later she saw an owl. When she asked him for stories he fluffed his feathers angrily.

"*Whooo ... are ... yooooo* to wake me? I have no stories. Go to the great fish eagle. He is the one who is awake in the day. Ask him."

So the woman walked to the mouth of the Tugela River where the fish eagle hunted. When she saw him she called his name.

The great fish eagle screeched back at her. "*KOW! kow-kow-kow!* Why are you disturbing my hunting?"

"Oh, wise Fish Eagle," said the woman, "I'm searching for stories. Do you know where I can find some?"

"Yes," said Fish Eagle, "I know who can help you. Go to where the rocks join the sea. Stand there and call for the giant sea turtle."

The woman thanked him and went down to the sea. She had only called for the giant sea turtle twice when he rose up through the water with a great splash.

"Don't be afraid," Sea Turtle said. "Hold onto my shell. I will take you to the sea people who know all things and all stories."

Down, down they went into the sea, right to the bottom, straight to the king and queen of the sea.

"And who is this?" asked the king.

"This is a woman from the dry lands above our waters," whispered the queen.

"What is it that you want, woman of the dry lands?" asked the queen.

"Stories, your Highness. Do you have any that I can take to my people?"

"We do," said the queen. "But do you have something to exchange for these stories?"

"What would you like?" asked the woman.

The king and queen smiled. "We cannot go up to your dry lands. We would like to see what it is like. Bring us something to show us what kind of animals and people there are."

"I will," said the woman.

The giant sea turtle took her back to the dry land and waited while she rushed home to tell her husband everything.

"Oh," he said excitedly. "I have many carvings of animals, birds and people. You can take them all."

Kwathi uma inkosi nendlovukazi bebona okubaziwe, bajabula kakhulu bayinikeza igobolondo elihle.

“Sinikeza wena nabantu bakini lesi siphso sezindaba. Njalo uma ufuna izindaba, phakamisa lokhu ukubeke endlebeni bese uyalalela,” kusho bona.

“Kodwa ukhumbule lokhu,” inkosi imhlebelela endlebeni, “indaba yakho yokugala ngqa iqale ngohambo lwakho lokuza lapha ezansi.”

Kwathi ekugcineni lapho inkosikazi isibuyela osebeni, yafica ilindwe umyeni wayo, izingane zayo kanye nabo bonke abantu basemzini. Babebase umlilo omkhulu owawuqhumama ukhafulele izinhlansi ebumnyameni.



“Manje,” besho bemmezeza, “sixoxele indaba! Sixoxele indaba!”

Inkosikazi yamamatheka. Yabantba igobolondo yathi, “Yebo ... *Nal’ibali* ... nansi indaba. *Ssshhh*. Lalelani-ke manje.”

Yaxoxwa kanjalo-ke indaba yokugala.

Ngemva kwalokho inkosikazi yabeka igobolondo endlebeni yayo yaxoxa izindaba eziningi. Kanti uma le kuyindaba yokugala oyizwile, khumbula ukuthi, ziningi kakhulu ezilandelayo.



Foza



## ZAQALIA KANJANI IZINDABA

**Ixoxwa kabusha uWendy Hartmann**

**Imidwebho yenziwe uTamsin Hinrichsen**

**E**ndulo, kwakukhona inkosikazi eyayihlala nomndeneni wayo emzini oseMbusweni wakwazulu. Umndeneni wawehlala olwandle olukhulu njalo ngeSonto. Izingane zazigubha isihlabathi futhi zidlale nasemagagasini. Inkosikazi yayipheka phansi ngesikhathi umyeni wayo eyobheka izinkuni ezikhishelwe ngaphandle ulwandle ukuze abaze izinto ezinhle: izinyoni, abantu, kanye nazo zonke izinhlobo zezilwane.

Phakathi nesonto umndeneni wawusebenza kanzima bese uhlala eduze nomlilo ebusuku. Kwakuba mnyama kakhulu ukuthi bangasebenza noma badlale noma babaze, futhi sasisuke sisekude isikhathi sokulala. Kanti lesi kwakuba yisikhathi izingane ezicela ngaso umama wazo ukuthi azixoxele indaba.

“Mama,” besho bemcenga, “sifuna izindaba. Sicela usixoxele indaba.”

Kodwa noma wayezama kakhulu kangakanani ukucabanga indaba, wayengakwazi ukuyicabanga. Kwakungekho phakathi kwakhe nomyeni wakhe owayenezindaba azozixoxa.

Ngelinye ilanga, inkosikazi yacela usizo komakhelwane.

“Ngabe zikhona izindaba eninazo?” ibuzo.

“Ch-a-a-a,” benikina amakhanda abo, “asinazo.”

Kwakungekho zindaba. Kwakungekho maphupho ... futhi kungekho zinsumansumane.

Umyeni wakhe wenza isiphakamiso wathi, “Nkosikazi, ngicabanga ukuthi kumele uyofuna izindaba. Ngizozinakekela izingane zethu nendlu. Thola izindaba bese ubuya nazo.”

Ngakho inkosikazi yanga abomndeneni wayo yabavalelisa yase ihamba. Yanquma ukubuza lonke uhlobo lwesilwane eyayihlangana naso ukuthi ngabe sinayo yini indaba esingabelana nayo ngayo. Isilwane sokuqala eyahlangana naso kwakuwumvundla. Waqhamuka uthi gxu gxu, ngezinyawo zawo ezinkulu.

“Mvundla!” imemeza. “Ngabe unazo izindaba?”



“Izindaba?” kubuza uMvundla. “O, nginamakhulu, nginezinkulungwane, cha ... ngineziyizigidi!”

“Mvundla, ngicela ungphe izindaba ukuze ngikwazi ukujabulisa izingane.”

“Mmm...” kusho uMvundla. “Anginaso isikhathi. Nangaphandle kwalokho ... izindaba emini? ...Cha bo!” Wase *uthi gxu, gxu, gxu*, wahamba.

Kamuva yabona isikhova. yathi uma isibuza ukuthi ngabe sinazo yini izindaba sashaya amaphiko aso ngolaka.

“*Ungubani* ... futhi ... ungivuselani? Anginazindaba. Hamba uye enkwazini. Iyona esuke ingalele emini. Buza yona.”

Ngakho-ke inkosikazi yahamba yaya esizalweni soMfula uThukela lapho kwakuzingela khona inkwazi. Ngesikhathi iyibona yayibiza ngegama.

Inkwazi yaklewula ibhekise kuye. “*KOW! kow-kow-kow!* Kungani ungphezamisa ngizingela?”



“O, Nkwazi ekhaliphile,” kusho inkosikazi, “ngicinga izindaba. Ngabe uyazi lapho ngingazithola khona?”

“Yebo,” kusho iNkwazi, “ngiyazi ukuthi ubani ongakusiza. Yana lapho amadwala ehlangana khona nolwandle. Yima lapho bese umemeza ufudu olukhulu lwasolwandle.”

Inkosikazi yalubonga yase yehlela olwandle. Yayisalubize kabili nje ufudu olukhulu lwasolwandle ngesikhathi luvumbuka emanzini, kwakapaka amanzi amaningi.

“Ungesabi,” kusho uFudu Lwasolandle. “Bambelela egobolondweni lami. Ngizokuhambisa ebantwini basolwandle abazi zonke izinto kanye nazo zonke izindaba.”


Fold



Behla, behla, behla nolwandle, baze bafika phansi ekugcineni kolwandle, baqonda ngqo enkosini nendlovukazi yolwandle.

“Ubani lo?” kubuza inkosi.

Yinkosikazi evela endaweni ewumhlabathi owomile ngaphezu kwamanzi,” kunyeneza indlovukazi.



“Ngabe ufunani, inkosikazi evela endaweni engumhlabathi owomile?” kubuza indlovukazi.

“Izindaba, Ndlovukazi. Ngabe zikhona eninazo engingazixoxela abantu bakithi?”

“Sinazo,” kusho indlovukazi. “Kodwa ngabe unayo into ongasipha yona uma sikunika lezi zindaba?”

“Ningathandani pho?” kubuza inkosikazi.

Inkosi nendlovukazi bamamatheka. “Asikwazi ukukhuphukela endaweni yenu esemhlabathini owomile. Singathanda khona ukubona ukuthi kunjani. Siphathele okuthile ukuze usikhombise ukuthi kukhona izilwane nabantu abanjani.”

“Ngizokwenzenjalo,” kusho inkosikazi.

Ufudu olukhulu lwasolwandle lwayibuyisela emuva endaweni esemhlabathini owomile lwayilinda ngesikhathi isaphuthuma ekhaya iyoxoxela umyeni wayo yonke into.

“O” washo ngesasa. “Nginokuningi okubaziwe okuyizilwane, izinyoni nabantu. Ungakuthatha konke.”

Inkosikazi yabuyela olwandle ngokushesha iphethe okubaziwe okuyinqwaba. Ufudu lwaphinda lwatshuza lwehla, lwehla, lwehla naye.





## Get story active!

**How stories began** is a traditional African story that has been retold for Nal'ibali by award-winning South African author, Wendy Hartmann. Read the story on pages 3 and 4 of this supplement a few times and then read it aloud to your children and others.

Here are some story reading ideas for you to try.

### Before you read aloud

- ★ Introduce the story by reading the title of the story. Ask the children, "How do you think stories began?" Let them share their ideas with you.
- ★ Tell the children that this story is a myth – a story that is told to explain something. Nowadays we have more accurate scientific explanations, but we can still enjoy the many creative stories that tell how things in nature came to be, for example, how dassies lost their tails or why the sun and moon are in the sky. Do you and the children know any stories like this?


### While you are reading aloud

- ★ Put lots of expression into your voice as you read the story – especially when you read the sound words like, "thump, thump, thump".
- ★ Help develop children's prediction skills by asking, "What do you think is going to happen?" when the woman meets the hare, and, "Do you think the king and queen will give the woman their stories?" later in the story.
- ★ Help develop empathy by making comments like, "I wonder how the woman felt when leaving her family behind as she set off on her exciting adventure."

### After you have read aloud

- ★ Invite the children to ask questions or make comments about the story.
- ★ Talk about whether it matters if the story is "true" or not.
- ★ Retell the story together. Use the words from the story and/or the children's own words to do this.
- ★ Encourage the children to interpret the story by asking them to draw or paint a picture of their favourite part.
- ★ Ask children to draw a map of the area in which the story takes place. Suggest that they show the woman's village, the place where the king and queen of the sea live and the route the woman takes on her journey to find stories.

Neo's dad  
Utata  
ka-Neo



Neo

## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Indaba ethi, **Zaqala kanjani izindaba yindaba yomdabu yase-Afrika eseyixoxelwe kabusha uNal'ibali ngumbhali waseNingizimu Afrika owine imiklomelo, uWendy Hartmann. Funda kaningana indaba esekhasini lesi-5 nelesi-6 kulesi sithasiselo bese uyifundela kakhulu izingane zakho kanye nabanye.**

Nansi eminye imiqondo yokufunda izindaba eningazama ukuyisebenzisa.

### Ngaphambi kokuba ufunde kakhulu

- ★ Ngenisa indaba ngokufunda isihloko sendaba. Buza izingane ukuthi, "Ngabe nicabanga ukuthi zaqala kanjani izindaba?" Zivumele zabelane nawe ngemiqondo yazo.
- ★ Tshela izingane ukuthi le nganekwane kuthiwa iyinganeko – indaba exoxelwa ukuchaza imvelaphi yokuthile. Kule mihla sesinazo izincazelo zesayensi ezishaya emhloeni, kodwa sisengazithokozela izindaba zobuciko ezichaza ukuthi zavela kanjani izinto zemvelo, isibonelo, ukuthi onogwaja balahlekelwa kanjani imisila yabo noma ukuthi kungani ilanga nenyanga kusesibhakabhakeni. Ngabe wena kanye nezingane zakho niyazazi yini izindaba ezifana nale?

### Ngesikhathi ufunda kakhulu

- ★ Shintshashintsha izwi lakho ngesikhathi ufunda indaba – ikakhulukazi ngesikhathi ufunda amagama afana nathi, "wathi *gxu, gxu, gxu!*"
- ★ Siza ukuthuthukisa amakhono ezingane okuqagela okuzokwenzeka ngokubuza ukuthi, "Ngabe ucabanga ukuthi kuzokwenzekani?" uma inkosikazi ihlangana nomvundla, futhi, "Ngabe ucabanga ukuthi inkosi nendlovukazi bazoyinika yini inkosikazi izindaba zabo?" ekuhambeni kwendaba.
- ★ Siza ukuthuthukisa ukuba nozwelo ngokuphawula kanje, "Kazi wayezizwa kanjani owesifazane ngesikhathi eshiya umndeni wakhe ethatha uhambo olunezigigaba!"

### Ngemuva kokuba ufunde kakhulu

- ★ Cela izingane ukuthi zibuze imibuzo ezinayo noma ziphawule ngendaba.
- ★ Xoxani ngokuthi ngabe kubalulekile yini ukuthi indaba "iyiqiniso" noma cha.
- ★ Phindani nixoxe indaba nindawonye. Sebenzisa amagama asendabeni kanye/noma amagama asetshenziswe yizingane ukuze wenze lokhu.
- ★ Khuthaza izingane ukuthi zichaze indaba ngokuzicela ukuba zidwebe noma zipende isithombe sengxenye eziyithandle.
- ★ Cela izingane ukuthi zidwebe ibalazwe lendawo lapho kwenzeka khona indaba. Yenza isiphakamiso sokuthi zikhombise umuzi lapho kwakuhlala khona inkosikazi, indawo lapho kwakuhlala khona inkosi nendlovukazi yolwandle nendlela eyahanjwa owesifazane eyofuna izindaba.

## Nal'ibali on radio!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show:

Ukhozi FM on Monday to Wednesday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.

SAfm on Monday, Wednesday and Friday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



## UNal'ibali usemsakazweni!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nesiNgisi ohlelweni lomsakazo lukaNal'ibali:

Ku-Ukhozi FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.


Ku-SAfm ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.

### Get the story ready to read!

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. To separate the pages, cut down the middle of pages 4 and 5.
3. Fold along the red dotted line.
4. If possible, keep the story in a plastic pocket to protect it.

### Lungiselelani indaba enizoyifunda!

1. Khipha amakhasi, elesi-3 ukuya kwelesi-6 kulesi sithasiselo.
2. Ukuze uhlukanise amakhasi, sika amakhasi, elesi-4 nelesi-5 phakathi nendawo.
3. Goqa ulandele umugqa wamachashazi abomvu.
4. Uma ningakwazi ukwenze njalo, gcinani indaba eplastikini ukuze niyivikele.



## Story corner

Here is the final part of the story about Malusi, his sister and the dreaded Bath Monster for you to read aloud or tell.

### Malusi and the Bath Monster (Part 2)

by Leo Daly

"Don't be scared, Malusi," I say to myself. "There is no such thing as a Bath Monster."

And then it happens! At first there's a soft gurgling sound. Then there is a squeaking and a squelching and a whoosh. And finally something shoots right up out of the plug hole: THE BATH MONSTER!

Before I can do anything, the Bath Monster blinks its four big eyes and says in a deep, watery voice, "You're not the dirty one. That's your sister, isn't it? She always says nasty things about me – and they're not true. None of the Bath Monsters like to eat children."

"You don't?" I say, feeling very relieved.

"Not at all," laughs the Bath Monster. "I don't mind eating soap and sponges every now and again, but I'd never eat a child." Then the Bath Monster gives me a big smile. "And the Toilet Monster doesn't like to eat children either. Neither does the Shower Monster. The only monster who does like to eat children, is the Bed Monster. But don't worry, Malusi, it never eats clean children – only dirty ones, who go straight to bed without taking a bath!"

Oh, no! What about Zandi! I tell the Bath Monster all about my sister.

"There's no time to waste," says the Bath Monster. "Scoop up a glass of water and run as fast as you can to Zandi's room."

I get there just in time – the Bed Monster's mouth is wide open. It's about to swallow Zandi. "Go away, monster!" I shout. Then I throw the water all over my sister.

"Hooray!" shouts the Bath Monster. "Now she's clean and safe."

That's right. I saved Zandi from the Bed Monster! And this is exactly what I tell Mama when she asks me why I threw a glass of water on my sister. I don't know if she believes me. But every word of it is true – I promise. Cross my heart that I won't lie, and if I do I'll eat a fly!

Tell us if you liked the story, *Malusi and the Bath Monster* – SMS "Bookmark" with your name and your comments to 32545. R1,00 per SMS.

## Ikhona lezindaba

Nansi ingxenye yokugcina yendaba emayelana noMalusi, nodadewabo nenunu yakubhavu eyesabekayo ozoyifunda kakhulu noma ozoyixoxa.

### UMalusi neNunu yakuBhavu (Ingxenye yesi-2) nguLeo Daly

"Ungesabi, Malusi," ngiziqinisa isibindi. "Ayikho into okuthiwa iNunu yakuBhavu."

Yenzeka indaba enkulu! Kwaqale kwaba khona umsindo wokuntontoloza osholo phansi. Bese kuba khona ukuklwikwiza nokunswininiza, bese kuba khona okuqhamukayo. Kuthi memfu okuthile kuphuma emgodini weplaki kabhavu: INUNU YAKUBHAVU!

Ngingakakwazi nakwenza lutho, iNunu yakuBhavu yacwayiza ngamehlo ayo amakhulu amane isho ngezwi elikhulu, elinomsindo wamanzi, "Awuyona le ngane engcolile. Udadewenu lowo, akunjalo? Uhlale esho izinto ezingezinhle ngami – kanti azilona iqiniso. Ayikho neyodwa iNunu yakuBhavu ethanda ukudla izingane."

"Awuthandi ukudla izingane?" ngisho, ngizizwa ngikhululekile kakhulu.

"Nhlobo," kuhleka iNunu yakuBhavu. "Anginankinga ngokudla insipho neziponji njalo ngemuva kwesikhathi esithile, kodwa angikaze ngidle ngane." iNunu yakuBhavu ibe isimamatheka kakhulu. "Kanti neNunu yaseNdlini Yangasese ayithandi ukudla izingane. NeNunu yaseShaweni ngokunjalo. Inunu okungukuphela kwayo ethanda ukudla izingane, yiNunu yaseMbhedeni. Kodwa ungakhathazeki, Malusi, ayizidli izingane ezihlanzekile – idla

ezingcolile kuphela, ezilala zingagezile!"

Mamo! Kazi uZandi yena! Ngatshela iNunu yakuBhavu konke ngodadewethu.

"Ungabe usachitha sikhathi," kusho iNunu yakuBhavu. "Yikha ingilazi yamanzi ugijime ngesivinini esikhulu uye egumbini lokulala likaZandi."

Ngifika khona ngesikhathi esifanele – iNunu yaseMbhedeni seyikhamise kakhulu. Isizogwinya uZandi. "Suka, nunu!" kumemeza mina. Ngibhunyele udadewethu ngamanzi umzimba wonke.

"Ngingci!" kumemeza iNunu yakuBhavu. "Manje usehlanzekile, futhi uphephile."

Kunjalo. Ngisindise uZandi eNunwini yaseMbhedeni! Kanti yilokho engikutshela umama uma engibuza ukuthi kungani ngithele udadewethu ngamanzi asengilazini. Angazi noma uyakukholwa yini. Kodwa igama ngalinye ngalinye liyiqiniso – ngiyakwethembisa. Ngiyafunga ngiyagomela ukuthi angeke ngiqambe amanga, uma ngingaqamba amanga ngizodliswa impukane!

Sitshela ukuthi ngabe uyithandile yini indaba ethi, *UMalusi neNunu yakuBhavu* – thumela nge-SMS u-"Bookmark" negama lakho nalokho ofisa ukukusho ku-32545. I-SMS ibiza u-R1,00.

Illustration by Magriet Brink  
Umdwebo wenziwe uMagriet Brink



### In your next Nal'ibali supplement:

- Why having books to explore is important
- Days to celebrate in March
- Story Star: journalist and award-winning story writer, Zukiswa Wanner
- A cut-out-and-keep book, *Tuft and Patch make patterns*
- A new Story Corner story, *Kamuzu's voice*

Need help coming up with ideas to help your children's literacy grow? Visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) for our growing collection of reading and writing tips!



Find us on Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)  
Sithole ku-Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)

### Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Kubaluleke ngani ukuba nezincwadi ozojula nazo
- Izinsuku ezizogujwa ngoMashi
- Ovelele Ezindabeni: intatheli kanye nombhali owawina imiklomelo, uZukiswa Wanner
- Incwadi enizoyisika niyikhiphe bese niyigcina ethi, *UTuft noPatch benza amaphethini*
- Indaba entsha yeKhona Lezindaba, *Izwi likaKamuzu*

Ngabe udinga usizo ekuqhamukeni namacebo okusiza ukuthuthukisa ukwazi ukufunda nokubhala kwezingane zakho? Vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) ukuze uthole iqoqo lethu elikhulayo lamacebo okufunda nokubhala!

